



U-CHARNE Bosman nomfundu waseHans Kekane High, uLungile Ngomane amsizayo ukufezekisa iphupho lakhe lokugijima.



Lapha ubonakala ezivocavoca ngaphambi kokuqala ukuzilolonga. (Kwesiphakathi) UBosman enqoba umjaho weComrades Marathon yalo nyaka.

Ukhonze u-curry wamaNdiya

NGAPHANDLE KWENKUNDLA:

MZWAMANDLA ZONDI



UKUFANISA nesibusiso ukunqoba kwakhe iComrades Marathon yanonyaka uCharne Bosman oshaqise abathandi bezemidlalo abanagi baseNingizimu Afrika edlula imfivilithi uCaroline Wostmann. UCharne udlule uCaroline sekusele amakhilomitha amathathu ukuba ashaye intambo kulo mjaho oqale eMgungundlovu wasongwa eThekwini.

UCharne uzalwe mhla ziyisi-6 kuLwezi (November) ngowe-1975. Uzalelw eWestern Cape kodwa manje usehlala eCenturion, eGauteng. Ushade noKarel Bosman eminyakeni eli-10 eyedlule. Abakabi nazo izingane. Uqale ukuzihlanganisa nezemidlalo eniminyaka eli-17 ubudala esafunda eHořsko Eldoraigne, eGoli. Usemele elakuleli amahlandla angama-23 emidlalweni eyahlukene okuhlanganisa namaCommonwealth ngowezi-2006 eMelbourne, e-Australia. Unqoba iComrades nje, bese kungokwesithathu eba yingxene yayo.

Ungene endaweni yesibili nya-kenye elandela uCaroline aziphindiselele kuye nonyaka.

Ngesikhathi eqala ukuyigijima ngowezi-2014 uthathe indawo yesihlanu lapho ingqwele kwaba ngu-Eleanor Greenwood waseGreat Britain.

Nonyaka ubeqokelwe kuma-GSports Award ngaphansi komsubathi ovelele lapho isicoco sithathwe nguCaster Semenya. Yize engaphumelelanga uCharne kodwa uNgqongqoshe wezeMidlalo uFikile Mbalula ubanike izitifiki.

Ngowezi-2001 nangowezi-2003 ubi yingqwele yeTwo Oceans Half Marathon kanti ngowezi-2003 nowezi-2004 ubi yingqwele yeSoweto Marathon. Kulo nyaka uthi uzogijima iHalf Marathon kwiSoweto Marathon ezokuba ngoLwezi. Uthi ngonyaka ozayo uzogxila kakhulu kwiTwo Oceans Marathon okuwumjaho angakaze awunqobe nakwiComrades ukuzama ukuvikela isicoco sakhe.

Ingxoxo kaCharne neILANGA LangeSonto ngempilo yakhe yanaphandle kwenkundla ihambololo hlobo:-

ILANGA LangeSonto: Ungubani uCharne Bosman?

Charne: Ngingowesifazane othanda ukubona abantu bejabule. Ngithanda ukusiza umphakathi ngaso sonke isikhathi. Ukuba kuya ngami ngabe wonke umuntu uphi-la impilo ayithandayo.

Kunomfundu, uLungile Ngomane waseHans Kekane High School, eHammanskraal, engimsizayo ukufenza iphupho lakhe lokugijima. Ngizokwenza konke okuse-mandleni ukuqinisekisa ukuthi



IZITHOMBE: GALLO IMAGES/ ZITHUNYELWE

U-CHARNE Bosman ngemuva kokunqoba umjaho omkhulukazi iComrades Marathon kulo nyaka.

liyafezeka iphupho likaLungile lokuvelela kwezokugijima. Uhlelo lokusiza uLungile nglwenza ngibambisene nabakwa Spar.

Uyakuthanda ukugijima yize esokola ngezinto. Ngakho-ke ngizomsiza ngakho konke akudingayo ngibambisene nabakwa Spar ukufenza iphupho lakhe.

ILANGA LangeSonto: Ngaphandle kokugijima ikhona enye into oyen-

zayo?

Charne: Ngiyi-event co-ordinator kwenyeye zinkampani ezinkulu eNingizimu Afrika.

ILANGA LangeSonto: Injani impi-lo yasemshadweni kumgijimi?

Charne: Ngineminyaka eli-10 ngishadile, umyeni wami uKarel Bosman ungisiza kakhulu uma ngizilungiselela imijaho yami. Uma ngenza amabanga amade

uhambisana nami ngemoto angi-phatheli iziphu zo nokunye okudingekayo kwazisse ngeke ukwazi ukugijima iComrades ungenaye umuntu okusizayo ikakhulukazi uma wenza amahora amathathu kuya phezelu.

Kwesinye isikhathi kudingeka ngenze amahora ayisi-6 ukuzilungiselela.

ILANGA LangeSonto: Uhamba

nganhloboni yemoto?

Charne: Ngihamba nge-Audi A3. **ILANGA LangeSonto:** Ukhona ezinkundleni zokuxhumana?

Charne: Yebo ngikhona kwiFacebook, Charne Bosman.

ILANGA LangeSonto: Yini eyokuqala oyenzayo uma uvuka ekuseni?

Charne: Ngiphaza ikhofi bese ngyi ejimini.

ILANGA LangeSonto: Ngabe lukhona uhlelo oluthandayo kumabonakude?

Charne: Ngithanda izinhlelo zokupheka. Uma ngingenzi lutho isikhathi sami ngisichitha emabhodweni. Ngaphandle kokupheka ngyiazifela ngokupenda.

ILANGA LangeSonto: Uthanda hloboni yokudla?

Charne: Ngikhonze u-curry wamaNdiya.

ILANGA LangeSonto: Yimuphi umculo okushaya ngaphakathi?

Charne: Ngiyazifela nge-Classic nomeculo wo-Piano.

ILANGA LangeSonto: Unaye umqequeshi?

Charne: Ngisizwa ngumqequeshi weComrades, uLindsey Parry.

ILANGA LangeSonto: Uma ungaba nguMengameli wezwe yini ongayenza?

Charne: Ngingagxila kakhulu ekusizeni abantu. Abantu bathwele kanzima ezweni lethu nemisebenzi kayikho.

ILANGA LangeSonto: Yini ofisa ukukhunjulwa ngayo?

Charne: UCharne ngumuntu wabantu. Ngiyakuthanda ukusiza abantu nokubona bonke abantu bephumelela.

ILANGA LangeSonto: Besisazimisele ukukubona umele iNingizimu Afrika kwazise bewenza kahle kuma-Mrathon, njengoba usugxile kuma-Ultra sisazokubona?

Charne: Yiphupho lawo wonke umuntu ukumela izwe lakhe, sengilimele kwaze kwaba ngamahlalandla angama-23 emidlalweni eyahlukene. Ngenxa yokuhula ngibone sekufanale ukuba ngenze ama-Ultra Marathon.

ILANGA LangeSonto: Kwenzenkeni kuwena ngesikhathi ushaya intambo kwComrades?

Charne: Beningakholwa, kwazise uCaroline Wostmann ubevule igebe lamakhilomitha ali-11. Beningazitsheli ukuthi ngizomfica.

Kunginike ithemba ngesikhathi ngibona imoto yabezinada sekusele amakhilomitha ayisi-7 kufwe lapho kuphelela khona umjaho. Kuthe mangihlanye yinjabulo ngesikhathi ngidlula uCaroline.

Ngibonga kakhulu abathandi bezemidlalo baseNingizimu Afrika ngenxa yothando abalukhombisayo kubagijimi beComrades emgwaqweni.